# Impilo Endaweni Yokulahla Imfucuza

Kusukela selokho kwathi nhlo, uVusi uhlala endaweni yokulahla imfucuza. Akazazi ukuthi uneminyaka emingaki, kodwa uGogo uMieta uthi ucabanga ukuthi kufanele ukuthi uneminyaka eyishumi nanye noma eyishumi nambili. Mncane futhi unamahloni.

Ngesinye isikhathi uqhuba ithroli yakhe yezincingo endala ebanga umsindo aye edolobheni ukuze ayodayisa amabhodlela engilazi kanye namakani awaqoqile, abafana abadala basedolobheni bahlekisa ngaye. Bakhomba ikepisi lakhe engcolile elimhlophe bathi: “Nakho kuza inyoni “i-kiewiet'! Bhekani imicondo yakhe! Ndiza, ndiza!”

Uvusi uyazam ukuthi angasho lutho olutheni. Uhamba ngasohlangothini olulodwa. Uma kukhona imali ayitholayo, uyifihla esicathulweni sakhe. Bese kamuva ethenga isosishi elibomvu, izithelo kanye nesinkwa ukuze uGogo uMieta ezokwenza mamsemishi. Ngesinye isikhathi uba nemali eningi esasele akwazi ukuthenga isiphuzo esibandayo. Impilo yasendaweni yokulahla imfucuza inzima. UVusi ugqoka izingubo ebezilahliwe azithole kumaplastiki amnyama kanye nengqumbi yemfucuza eshayo.

Uhlale egodola ebusika futhi nemvula yenza izilonda ezisemlenzeni wakhe zincinze.

Izinwele zakhe zihlale zinuka intuthu kanti izandla zakhe sikekile ngenxa yokuqhwanda emfucuzeni. Ugqoka izicathulo ezingafani. Nazo futhi zinkulu kakhulu ukuthi zingahlala ezinyaweni zakhe. Uzigxisha izindwangu ukuze zingalokhu ziphuma ezinyaweni zakhe. Izicathulo zihlala zilahlekelana nomata bazo kumaloli athwala imfucuza. UVusi ufisa sengathi abantu bangazibopha bazihlanganise ngezintambo zazo ngaphambi kokuthi bazilahle.

Namhlanje yiSonto, kanti iSonto lingusuku olukhethekile endaweni yokulahla imfucuza. Imililo ebanga intuthu enukayo seyithanda ukucima. Ama-bulldozer amakhulu adudula izingqumbi zemucuza apakiwe futhi kuthule.

UVusi akudingekile ukuthi aqhube ithroli yakhe ehle ngomgwaqo onguthelawayeka aye edolobheni.

Zonke izingane ezisekhaya lokugcina abantu abangenandawo yokuhlala ziyasiza ukwenza isobho ebhodweni elimnyama. Into engcono kakhulu yingesikhathi becula ndawonye.

UGogo ubafundisa amaculo bese omunye wabafana abadala edlala isiginci sakhe.

UVusi ushaya idramu lamagalani angamashumi amane. Bazwakala kamnandi!

# Umngani obizwa ngoMolo

Namhlanje kukhona into engekho. Imbuzi enkulu emhlophe ehlala endaweni yokulahla imfucuza ayibonakali ndawo. UVusi uyayithanda imbuzi. Wayiqamba igama elithi"Molo," ngoba kwakubukeka sengathi imbuzi iyambingelela njalo ekuseni ngesikhathi behlangana kwizingqumbi zemfucuza. UMolo unalo icala lokuba ngowasendle. Akavumeli muntu ngaphandle kukaVusi ukuthi amthinte. Isikhathi esiningi bachitha usuku lonke ndawonye. Uma kwenzeka uVusi ethola into ekhethekile uyayiphakamisa ukuze uMolo ayibone.

"Bona lokhu, Mbuzi enguMolo," kusho uVusi. "Ihembe elikhulu elibomvu, elisanezinkinobho ezimbalwa. Ingabe awulithandi?"

UMolo umbheka ngecele ngamehlo akhe aphuzi futhi uVusi uqinisekile ukuthi uyaphendula: "wo-he, Vusi, ayikho into engingayenza ngalelo hembe elibomvu. Bheka ukuthi nginani. Amakhasi kaphayinaphu ambalwa kanye nesokisi elidala elimnandi!" UMolo uhlale egxuma eqhwanda. Uma phezu ngengqumbi sengathi ungumnikazi wendawo yemfucuza.

"Sizofaka leya mbuzi ebhodweni lethu lesitshuli," kwexwayisa uGogo. Kodwa uMolo ulangazelela kakhulu ukuthi angabanjwa. Unikina ikhanda lakhe egalobha ebaleka.

Manje uvusi uthungatha uMolo. Ingabe uphelele ebhodweni lothile lokupheka? Ufuna yonke indawo kodwa akabonakali uMolo.

“Molo! Mbuzi enguMolo! UVusi ukhathazeke kkahulu. “Woza uzodla ukudla kwakho kusashisa,” kumemeza uGogo.

## U-Molo usengozini

Ngosuku olulandelayo ekuseni u-Elvis umshayeli webulldozer wathola uMolo elele ngaphansi komshini wakhe. UVusi wacabanga ukuthi ufile kodwa wathi uma ephulula ikhala likaMolo, imbuzi yavula amehlo ayo yathimula. Kwakunegwebu emlonyeni wayo futhi nemilenze yayo ikhahlela.

“Eish, kuphelile ngale mbuzi,” kusho u-Elvis. Ugibela kwibulldozer bese eyidumisa. UVusi unesu. Uyazi ukuthi endaweni ethile edolobheni kunodokotela ongalapha izilwane ezigulayo. “Ngisize ngifake uMolo kwithroli yami, Elvis,” uyancenga.

“Khohlwa Vusi. Leyo mbuzi izofa.”

Kodwa u-Elvis uyehla kwi-bulldozer yakhe, aqubule uMolo amfake kwithroli. UMolo unyakaza ngokuba buthakathaka bese ephinda elala enganyakazi. Izinselwa zakhe ezinodaka kanye nezimpondo zakhe ziphumele ngaphandle kwizikhala zethroli.

UVusi uqala uhambo lwakhe olude. Amasondo ethroli mancane futhi abambeka kwimfucuza yasendaweni yokulahla imfucuza. UMolo uyimbuzi enkulu futhi uyasinda kakhulu. Ezinye izingane zisiza uVusi ekuhambiseni ithroli kumgwaqo onguthelawayeka. Uma eselapho uqala ukugijima!

Ekugcineni uVusi ufika edolobheni. Kunabantu abangaphambi kwakhe kanye nesiminyaminya sezimoto, kanye nezitolo. Kumele asebenze kanzima ukuze adlulise ithroli ukunyuka kanye nokwehla kunqenqema lomgwaqo. Abantu bayambuka bese beyahleka.

Kusenjalo abafana ababi basedolobheni sebemile emgaqweni. Abavumi ukuthi adlule. Bayambhinqa.

“Nansi i-kiewiet! Eyi, ingabe ubhuti wakho lo osephremini? Singamdudula simfake ezimotweni?”

UVusi uzizwa eba nolaka kakhuli. “SUKANI ENDLELENI YAMI!” esho ememeza. Izwi lakhe likhulu. Futhi akaseyena uVusi omncane onamahloni.

Abafana ababi bayabona indlela amehlo akhe alokoza ngayo bese bethula. Uvusi uqhuba ithroli ngesivinini esikhulu kubukeka engathi izohlukana ibe yizingcezu. Ezansi kakhulu nalo mgwaqo kunomuzi omkhulu omhlophe onebhodi lezaziso engadini. UVusi akakwazi ukufunda igama elisebhodini.

“Ingabe lena yindawo kadokotela wezilwane?” wabuza umuntu owayedlula. Owesifazane uvuma ngekhanda bese ekhomba. “Umnyango oluhlaza okwesibhakabhaka.”

## Ukulinda isikhathi eside, ekhathazekile

Ngaphakathi koMtholampilo Wezilwane uDokotela Naidoo onomusa ubuka uMolo bese enikina ikhanda. “Le mbuzi idle into ethile enobuthi kakhulu. Asazi ukuthi buyini lobu buthi. Sizozama ukumsindisa, kodwa ungalindeli lukhulu.”

UVusi ukhathele. Uhlala phansi esitebhisini somnyango bese ebeka ubuso bakhe ezandleni zakhe. Abantu baletha izilwane zabo ukuba zilashwe usuku lonke. Amakati akobhasikidi, izinja ezincane, izinja ezinkulu, upholi osehlombe lomunye umuntu, nenyoka esesakeni likavolo imbala. Akekho omunye umuntu oletha imbuzi. Abanye balaba bantu bagqoke izingubo ezinhle, futhi izilwane zabo zikhuliswe kahle futhi ziyacwebezela, futhi zigqoke okhololo abanemibala egqamile abanokokuhloba kwengilazi okuncane kubona. Laba bantu babuka uVusi bese bedlula kude naye sengathi ungcolile.

Sekumnyama ngesikhathi uDokotela Naidoo ephume ezobheka uVusi. Usefake ijazi elimnyama phezu kwejazi lakhe elimhlophe. Ubukeka ekhathele.

“Imbuzi yakho kumele ihlale esibhedlela sethu. Isengasinda.” Ubuka uVusi bese ebuyisa izinhlonzi. “Uhlala kuphi?”

UVusi umtshela ngendawo yokulahla imfucuza kanye nangoGogo uMieta kanye nezinye izingane, kanye nangendawo yabo yokugcina abantu abangenalo indawo yokuhlala eyakhiwe ngamapali, izincingo kanye neziqephu zamaplastiki.

“Ngicabanga ukuthi ukhona umuntu engimaziyo onganisiza,” kusho uDokotela Naidoo.

Umuntu uDokotela Naidoo ayefisa ukuthi uVusi ahlangane naye isisebenzi sezenhlalakahle uSister Anna. Unomusa futhi umnene wabe esethatha uVusi kanye nethroli yakhe waya naye ekhaya lakhe ngalobo busuku.

UVusi ugeza ngamanzi ashisayo ahlanzekile, ngensipho eyakha amagwebu, kanye nesiponji esintofontofo. Ugeza izinwele zakhe nge-shampu enombala osasiliva bese ezomisa ngethawula elikhulu elintofontofo elinombala osawolintshi. Lokhu kwaba isigigaba esikhulu! Unuka kamnandi. Manje ugqoka ezinye zezingubo uSister Anna amnikeza zona ukuba azigcine unomphelo. Uvusi uyayithanda ijini yakhe engeyintsha kanye nesingenhla setracksuit esibukhwebezane esithande ukuba sikhulu.

“Manje okudliwa ngesidlo sasebusuku,” kusho uSister Anna.



Uthosa amaqanda kanye notamatisi, bese enza amasemishi amakhulu anoshizi kanye namahlamvu aluhlaza aklamuzelayo. UVusi uthatha ummese nemfoloko. Ulambe kakhulu ufuna ukufaka konke ukudla emlonyeni wakhe ngesikhathi esisodwa. Kodwa wakhumbula ukuthi uGogo uMieta uhlale egcizelela ukuziphatha ngendlela efanele.

Ube esekhumbula ukuthi imbuzi enguMolo ilele esibhedlela bese engabe esakwazi ukudla lutho. Umboza ubuso bakhe ngezandla zakhe amemeze athi, “UMolo uzofa!”

“Thula,” kusho uSister Anna. Uyamgona. “Sizombona kusasa. UDokotela Naidoo okhaliphile ozokwenza konke okusemandleni akhe.”

“Indawo yokulahla imfucuza angeke ilunge ngaphandle kukaMolo,” kukhala uVusi.


## Isiqalo esihle esisha

UMolo uhlala esibhedlela isonto lonke, wabe eseya kutshani obungaphandle eqhaqhazela.

Kwenzeka nezinye izinto ezinhle futhi.

USister Anna uyobona uGogo kanye nezingane ezisendaweni yokulahla imfucuza ukuze abatholele indawo efanele yokuhlala. UVusi uya esikoleni lapho bonke othisha bakhe besho khona ukuthi uzofana nezinye izingane maduze nje. Ngesikhathi sakhe angenzi lutho ngaso, uVusi usaqhubeka nokuqoqa amabhodlela kanye namakani endaweni yokulahla imfucuza ukuze athole imali yokuzibheka.

UGogo uhlala endlini yakhe nabanye ogogo abathathu, futhi izingane zinamakamelo amakhulu amabili. Ngezintambama eziningi uma esevela esikoleni futhi esedlale nebhola uVusi uvakashela uMolo manje osehlala ensimini enotshani nomkhandlu onakekela izilwane nezinye izimbuzi ezinhlanu.




UMolo uveza ikhanda ngaphezu kocingo ukuze uVusi amphulule. “Ingabe uthokozile, Mbuzi enguMolo? Njengoba usunokudla okumnandi kanye namakhosikazi amahlanu futhi akekho umuntu okubangisa emabhodweni awo?”

UMolo unikina ikhanda lakhe acwayize ngamehlo akhe aphuzi ebheke uVusi. Kungathi uthi, “Angeke sisahlala kwimfucuza, Vusi.” Bese etshakadula otshanini, umsila uphezulu, isembatho sakhe esimhlophe sicwebezela.

